

Zulu concepts about amadlozi and
cognate matters.

s705 (7)

K13/158
AM/3/158

K13/158

E. B. Madondo.

1/15

1.

16

Ukholo - Religion.

Umphefumulo - umoya: Akukho muntu ongahle a6e umuntu ophilayo engenawo umphefumulo noma umoya. Umphefumulo munye kuphela kumuntu. Umphefumulo ukholeka okungathithi uyisithunzi esiwumoya kuwo wonke umuntu ophilayo esingena nxa umuntu ezalwa futhi okuyisona lesithunzana esenza umntwana afune ukuphuma esiswini kunina.

Umphefumulo awehlukani nesidumbu ngisho noma umuntu elele u6uthongo, kuphela wehlukana nesidumbu ngo6a umuntu esefa. Kodwa uZulucwathile Nxumalo yena uthi umuntu ubulawa yiwo umphefumulo n6a usuke ungasafuni ukuhlala nesidumbu leso usufuna ukuhamba. Umphefumulo awu6onakali ngamehlo kodwa nxa

2.

uphuma kumuntu uyezwakala, ngokuthamba kwakhe umuntu, kodwa kungekho msindo umuntu angahle awuzwe ngawo ukuthi usuyaphuma ke manjena. Abanye ke 6athi nxa 6ephupha 6ayawu6ona ufana nesithunzi seju6a lindiza kodwa umbala wawo awu6onakali ukuthi unjani. uNomaxu6e yena uqinisa ngokuthi umphefumulo womuntu uyangena nasesilwaneni ngo6a x uthi kwathi lapho kufa uyise u Mjadu Nkala inkunzi lena yaku6o ay6e isalala esibayeni ya6a nolaka olwesabekayo, lolulaka 6avumelana 6onke ekhaya ukuthi luphumele enkomeni. yakhe njengo6a nangu efele empino nayo futhi uthi ya6ulawa ngezinye zilwa nayo. Ulaka uthi lukanye nomphefumulo lusuka khona. Izinkomo, imithi amatshe imifula (stone rivers) nayo inemphefumulo yayo.

3.

Umphefumulo awufi noma umuntu esefile wona uyaphila njalo. Umphefumulo uyasuka ungene enyokeni e6izwa ngokuthi, noma kanye isithundhlakazana esihlala esibayo yeni okuthiwa yidlozi. Nxa kugaywe utshwala noma kuhlathshiwe utshwala nenyama enye kubekwe emsamo uku6a kukhothwe amadlozi lowo mphefumulo osuwasuka esidunjiri A6aphilayo 6ayakhuluma nawo, lokho a6afuma akwenze 6akusho, noma 6ambonge loyo ongasekho 6e6ika lokho oku6ahluphayo noma 6ethetha ngomkhuhlane o6onakala ngabilo phakathi komuzi. Lomphefumulo kwesinye isikhathi uyathanda ukuphiwa ~~ni~~ ukudla uzikhethele wona

/inkomo.....

inkomo oyifunayo. Uma kungenziwa lokho okufunayo usenokuthukuthela
 4. njengo6a kwenzeka uNoshama wakwa Mkhize esefa kade eshilo engakafi ukuti yena okoqoshamiswa angalaliswa phansi. Ngosuku lwakhe lokufa wa6engena muntu oyindoda owayengahle amfingqe, amakhosikazi akhe azame ukumfingqa kodwa ehluleka. Kwaphela inyanga ya6anye efile kwezwakala ngezanuse nezinyanga zokubula ukuthi uthukuthela uthi uzoba6ulala 6onke a6aqede ngokwedelela kwa6o izwi lakhe.

Lomuzi wa6unezindhlu ezinga mashumi amahlanu nane. Izinsizwa zakhe zingamashumi amathathu nambili. Sangena isifo saco6oza ingane, inkosikazi nezinsizwa. 6aqala ukudaleka a6anye 6afela eMgungundhlovu, a6anye 6emuka, 6aduka. Kutho sekusele izinsizwa azine eNkulu-uNo6e wa6ekhipha izwi lokuthi 6onke a6akayise
 5. a6acwile 6ayoshweleza kuyise ku6e yileyondlu ikhiphe inkomo njengo6a nazo izinkomo zazifa ngisho nezimbuzi.

Kwahlathsha izinka6i ezimashumi ma6ili nesishiyagalolunye njengo6a ezinye izindhlu zaseziphelile. Ulaka luka Noshama lwema lapho a6anta6akhe se6eshweleza kuyena. Umoya futhi uma intando yawo ingenziwa uya6acindezela a6aseleyo, noma futhi kuvamile ukuthi umoya loyo ungene ku6azukulu 6aloyo ofileyo. Njengo6a kwenzeka ukuthi inkosi uDinuzulu am6one uNyawana othiwa uDavid ukuthi usehlelwe umoya kaShaka kwaze kwathi nesikhundla ayesemnike
 6. sona wa6uye wamsuza kusona ngo6a ese6ona isimo ayeseyisona. uZulu u6ekholwa ukuthi 6onke a6afayo 6aya ngaphansi komhla6a ngemimoya ya6o, kodwa ngokufika kwabelungu 6amtshela uZulu ukuthi umuntu uma esefile uya ezulwini, 6aphile impilo ewumvuzo wemse6enzi ya6o 6esesemhla6eni. Uma 6abenemise6enzi emi6i 6aphile nanzima na6o kodwa uma 6abenemise6enzi emihle 6aphile impilo enhle. KwaZu6ike umuntu u6esithola isijejiso engakafi uma kwe nzeka kodwa nxa esefile u6e6ayidlozi elihle nje nalo futhi kungaziwa ukuthi sikhona isijejiso anga6e esasithola esefile. Umoya noma idhlozi lengane encane lona kuthiwa liyitqilosu kodwa
 7. uZulu yena u6ekholwa ukuthi ingane encane ayinadhlozi elingahle linakokelwe, noma ku6ekhona nelikuthukuthelayo. A6antu a6afele empini 6ona kuthiwa ngo6a 6afa 6ethuthela nemimoya ~~6ana~~ ya6o iya6uya ilwe, 6a6onakale lapho 6abelwela khona njengo6a ngempi

/ngempi.....

s705

ngempi enkulu ya bathembu noMabaso ngo 1922 kwafa abantu abaningi kanye nenkosi yakwa Mabaso uGqikazi. Lapho okhalweni lwase Msinga lapha yiyibulalana khona, kuthi kungahlwa izwakale ingidi nokuqhuma kwesibamu njengoba inkosi nabantu abanye abathile nhlangathi zombili babephethe izibamu, begibele amahashi.

- Uthike uLudonga wakwa Mabaso lempi yomoya iyoze iphele ngoaba kulwe inye futhi impi phakathi kwalezizwo zombili kungabibiko
8. abehlulwayo. Noma babuyiswe ngentelezi yenyanga efundileyo kuhlatshwe ~~■~~ ishumi lezinkomo izinkabi zodwa. Kuvive amabutho izinsuka ezimbili ~~■~~ kungakadliwa ukudla okusha. Kuyinkolo kaZulu ukuthi umuntu obulewe ukushona emanzini kaphatheki kahle unyaka wonke nxa efile, ngakho kudingeka ukuba umoya wakhe ukhululwe ngokuthi kuthi ngonyaka wesibili efile kuhlatshwe inkomo yokubuyisa, bese kubekwa isigubu esinezi mboho engwabeni lakhe ukuze umoya wakhe uhambe uyohlazeka elwandle abeyidlozi elihle. Nthike uNyokana Mdlela uwaka unyaka wonke amanzi elwandle ephuma ngezimboho lezi eza botshezwa, bese kuthi ngonyaka wesithathu
9. azibona eshlambululekile abeseshiya ukwethwasa kwelobo, yilesi khathike ~~■~~ noNkosikazi wakhe noma yindoda ezoqala ngaso ukufuna ukuganwa, noma ukungenwa uma kuyinkosikazi ephilayo.

Umoya womuntu ongambelwanga nje ngentando yakhe, uhlala unolaka olwesabekayo abantu ~~■~~ bavelelwe yizigigaba eziningi ezidalwa yiloko isigcino baze bashweleze, njengoba kwenzeka ku Noshama Mkize.

- Kuyisiko ~~■~~ nomthetho wakwa Zulu ukuthi amakhosi angewatshwe ndawonye, umoya wawo kuthiwa ukhona lapho bengewatshwe khona, belinda isizwe sabo, kuyi ngakho kuye kuthi uma inkosi entsha ingena ebukhosini kufuneka imbongi ezosuka emzini lowo wenkosi
10. entsha ingakangeni kuwo, ihambo ibongela ibonga amakhosi lawa angasekho ize ifike emangwabeni, ifike isaphune umhlabathi wawo onke kusukela enkosini endala kuye kweyo kugcina ekufeni kwawo, ibisi wabonga khona lapho igcwiye qede ibisi babiza bonke ukuba bahlangane nenkosi entsha ekwakheni lomuzi omusha, ihambe ibongela. Lapho seyifikile ekhaya lapho isiwubeka emsamo lapho

/kuzongena.....

kuzongena khona inkosi i6isikhuleka iphuma. Lapha ke kulomuzi kwelashiwo yizinyanga zakhethelo, ziqinisa umuzi wenkosi kuhlatshwe nezinkomo futhi. Inkosi i6ithathwa ama6utho nawo futhi eseqiniswe ngentelezi anamandla. Ayithathe aze aye ayifako kuleyondlu, 6ese kungena yona yodwa wona asale ngaphandle. Ama6utho lawa

11. asehlala emnyango elindi inkosi. Inkosi inenyanga lapha phakathi kuze kuse igqinahwa. Kusempondo zankomo i6isiqala imbongi iyibongele kuze kuphume ilanga. Uthike uGegedlana wakwaNgcolosi ngesikathi inkosi iyodwa lapha endlini isuko ikhuluma namakhosi lawa angasekho eyithhela zonke izinto okudingeka izenze, kanye negama lomuzi nesimo sawo e6ukhosini 6ayo. Kuya6onakalake ukuthi imimoya yamakhosi isebenza umsebenzi omkhulu wokulinda uMzukululu wawo nokumqinisa.

12. lowo. Abantu abangesiwe amakhosi 6ayayilinda imizi ya6o, na6o kuthi uma kuvela umkhuhlane 6abizwe uku6a 6avikele umuzi lowo. Abantu abafileyo kudingeka 6angcwatshwe kanye nempahla ya6o izikhali za6o ezinyo zishiywe ukuze zi6e yisikhumbuzo esizukulwaneni lezo eziseleyo. Izitsha za6o futhi nazo zilahlwe kodwa ezinye zisalo futhi, ikakhulu lezo ekade engazise6enzisi kakhulu. Izingu6o zakhe zonke lezo akade esezise6enzise kakhulu kodwa lezo e6ezingakasebenzi kakhulu zisalo zingalahlwa. * Amangcwa6a a6e ahlotshiswe ngamatsho nangoku wa6iyela nokutshala imithi.

- Iziphoke ezenzelwa umutnu ofileyo ziningi futhi zenziwa ~~ng~~ ngezikhathi zonke kuthiwe kwesinye isikhathi unikwa ukudla, kumbe kuhlatshwe imbuzi noma yinkomo. Inyamake leyo isizo6ekwa emo amo ukuze athinxax efika e6usukwayidle noma enganakuyiqeda kodwa
13. ayi6eke inhlanhla ngokuyikhotha.

Ukukhonza amadlozi:

Amadlozi anomsebenzi omkhulu phakathi komuzi mayelana nenhlala kahle kanye nezifo ezingahlo zi6ekhona, eku6avikeleni kuzo izifo ezinamandla. Nasemvuleni ayasiza kakhulu ukukhuluma nenkosazana futhi yezulu uku6a idedele imvula kanye futhi nasekweviseni izilimo zomuzi. Amadlozi avikela la6o a6aqondene nawo kuphela okusho ukuthi asiza la6o a6awuli6o lwa6o kuphela engena kweqela kolunye

/ngaphandle.....

ngaphandle koku6a kubekhona lowo owumzu kulu wawo phakathi k kolunye uli6o, naye futhi emlandela ngo6a kukhona isici esithile.

Amadlozi afuna uku6ongwa ngayo yonke imsebenzi ayenzileyo

14. atshelwo futhi zonke izinto ezenziwayo phakathi komuzi. Ahlatshiswe inkomo noma yimbuzi njalo ku6ongwa akwenzileyo.

Uma amadlozi enganakiwe ayathukuthela abesedala u6u6i phakathi komuzi, abantu 6agule, nemikhuhlane ivamo uku6athumba, futhi i6afunyanise 6elula, alethe nendlala nezinhlanhla ezimbi. Ukuze kutholakale ukuthi izinhlu pheko ezikhona phakathi komuzi zilethwa amadlozi, kuyiwa enyanzeni yoku6ula i6isishoke ukuthi abaphansi bathukuthelele lokhu i6isi6atshela futhi nokudingeka 6akwenze ukuze abaxolele. Izinto ezivama ukuthukuthelisa amadlozi nazi:- Ukubanga umsindo phakathi komuzi, ukuwakhohlwa, ukuwa-akwenzileyo. Ukuthukuthelisa tshela izinto kanye nokungabongi ~~ukuthukuthelisa izinto~~

15. umuntu omdala, ukushaya umfazi, ukumemeza ko mlo6okazi phakathi komuzi, ukweqa komlo6okazi eqela endaweni kayise noma angene esi6ayeni, a6ize uninazala noma uyiso wendoda yakhe kanye nokusiye okuningi okungahle kuwaphathe ka6i.

La6a abafuleyo 6adinga imihlatshelo njalo noma kuyiphi indawo 6anzelwe imihlatshelo, emakhaya ngokuthi 6ahlatshiswe yiloyo oyinkosana noma ubani omunye ngemvume yaloyo oyinkosana, uku6apha ukudla kanye noku6onga imisebenzi ya6o phakathi komuzi, kanye noma njengo6a kungahle kudingeke. Lokhuke kudingeka uku6a kwenziwe ebusika ngo6a kwesinye isikhathi kungahle kungenzeki

16. ngendiela leyo edingekayo kulaphoke ehlo6o kungaba yingozi enkulu, izulu liwise isichotho esinzima esinga6ululu ukudla kakhulu. Lokhuke kudinga uku6a kwenzelwe kulowo omkhulu phakathi komuzi ku6e nguyena olawulayo zonke izinto.

Kungumthetho nesiko lika Zulu ukuthi uma ku6uyiswa amadlozi ekuthukutheleni kwawo ku6izwe inyanga izoqala iphehlo amanzi amnyama i6ahlanzise ngawo 6onke i6i6uye futhi iphehle amanzi amhlophe, amanzi lawa ahlatshelwe izim6uzi oma6ili, amanyama ahlatshelwe emnyama engena6ala ndawo 6ese kuthi lawa amhlophe ahlatshelwe emnyama engena 6ala ndawo. Sekuzothi ngoku6a kudlule loku kuhlatshwe inkomo. Konke lokhu kwenziwe abantu 6onke

17/6ephelele.....

17. 6ephelele. Nxa kuzokwenziwa lokhu abantu bonke bayazilungiselela, bangayi kweminye imizi, bangahlangani namakhosikazi abo ngisho nezinsizwa zingahlangani nezintombi zazo inyanga yonke, bangaphakamisi amazwi abo futhi uma bekhuluma, bazame ukuzithoba. Loyoke omdala phakathi komuzi ahlale njalo engakhulunyiswa kakhulu, ababize bonke ukuba babuye ngobuyo bazobeka izintandane zabo ■ eqosheme ebeke emsamo. Kwesinye isikhathi kuyenzeka ukuthi bonke abozalo lolo babekhona ngesidingo lesa, uma ulakalolo luthintana nabo bonke noma namadodakazi abekhona uma kuthintana nawo engatholi bantwana lapho endele khona ngenxayolaka lolo eyaphuma phakathi
18. kwalo. Kodwa uma ulaka lolo luqondene nomuzi nje lowo, amadodakazi nozalo aludingeki kanye nabakhelwanu. Kwesinye isikhathi kuyaye kudingeke wonke umuntu osemdala enze umhlatshelo lowo nomake lapho kukhona khona abangamakhosana kuzo zonke izindlu kukhishwe inkomo. Lokuke kwenzeka ku Debezana uNungu eMakhaka esefile amadodana akhe onke angamakhosana ezindlini zone akhipha zinkomo kwaze kwathi nalawo angemakhosana emakwabo azikhipha. Uma kuyiwa empini amadlozi ayabizwa amabutho achelwe ngentelezi kwenzelwa indlela enhle nenenhlanhla.
19. Uma umuntu esengozini noma esezinhluphekweni ezivama njalo ukuvelela abantu kuyisiko likaZulu ukuthi akashweleze ngo6a mhlawumbe lokho kungabe kubangwa ukuthukuthela kwamadhlozi. Njengo6a kwenzekile ukuthi kuthi lapho inkosi uMayizekanye Ngu6ane wasemaBomvini ebuya ekudingisweni iminyaka eyisishi yagalo mbili noma ngaphezulu, wafike wahlala isikhashana nje webesehlatshwa ukufa, okuhambe kwahamba kwafika uMnawa kaYizo noma phela sekuyindodana yakhe yena engasekho, nokho isinguye uyise. Yafika kulomuzi ahlala kuwona waka Phungula, wafike wamkipha ngenkani engavumi, wathi oyise abanakungena emzini wakwa Phungula ngo6a yena uyabona ukuthi bathukuthelo ngo6a
20. kungenziwanga lutho eku6uyeni kwakhe loku6onga. Wamngenisa emzini wakhe noma ubungakapheli kahle, wafuna inyanga yoku6a imelapho ngo6a yena usazofuna enye futhi inyanga yokwenza amanzi phakathi komuzi ■■■ wenkosi wonke.

/Uma.....

s705

Uma kuyiwa empini kubizwa amadlozi alabo besilisa bodwa, kodwake uma kuqondenwe nezihlupho nje nawo awabesifazana ayabizwa ngoba amanye abanolaka uma engamakiwe. Ababizwa abakubo lenkosikazi kodwa kuphela lapho kwenziwa lokhu kubizwa labo kuphela bangakubo lendoda. babizwa ngamagama abo bonke kuthi labo besilisa babongwe nzizebongo zabo ababebongwa ngazo besaphila.

- 21. balandelaniswe ~~ama~~ njengokuzalwa kwabo kusuka komdala kuya komncane. Uma umnumzane engasekho kuyenzekake ukuthi kubizwe yena yedwa ngesikhathi sempa. Kuyisiko elidinga ukunakekelwa kakhulu ukuthi uma umntwana ezelwe batshelwe ukutshintsho umuzi lapho wakhe khona, ukuxabana kubikwe, ukushintsha igama lomuzi kanye nakho ukufa nenhlophe ezikhona. Lapho engcwabeni lofileyo akuyiwa futhi akusondelwa neseDUZO futhi akufuneki namuntu wokulinda ingwaba ngaba liyesabeka. Amangwaba ayesabeka ngoba nomuzi osunamangwaba amaningi isigcino uyasuka kuthiwo
- 22. kudedelwa izithunzi zamangwaba ngoba asemaningi kakhulu. Kuthiwa izithunzi zawo phakathi komuzi zimbi zeleka abantwana abasebancane bangaphili kahle.

uzuluke yena ubekholwa ukuthi lapho kukhona amangwaba ku ngayiswa ngoba kungathi laba abafuleyo bazovuka bambulale umuntu uma esondela emangcwabeni abo indawo yamangwaba libiyelwa. ngamatsho igogo noma ngothango ishiywe noma kubizwa amadlozi bekungayiswa emangcwabeni ngaphandle kwabathakathi abayela ukuyothatha inhlabathi yamangwaba khona bezo bulala ngayo abantu, baphendule namadlozi phakathi komuzi kuvele izinto ezinge

- 23. nanhlanhla njalo nje, bekhubaza nezinyanga uma zelapha, kuyoyonke imizi nezizwe izinto ezinye zabafuleyo ziyaganwa zibe yisikhumbuzo enzukulwanene sonke saloyo muzi noma isizwe. Imvameke kaZulu kugcinwa imikhonto noma ihawu umuntu lowo ofuleyo akade engakaku sebenzisi kakhulu, abanye bagcina izimbiza zalowo wesifa zana uma kufe ~~u~~ owesifazane, nomake futhi kuginwe umcengezi uma engenayo imbiza.

/Lezimpahla.....

Lezimpahla zigcimva yiloyo omdala phakathi komuzi noma engesiyo indhlalifa uyazigcina ize ikhule, iganwe ibenabantwana asebeganiwo nabo futhi, ukuze ingacindezelwa amadlozi kakhulu,

24. ngo6a uma ezigcinela yena esemncane angamcindezela amadlozi ngesithunzi sawo angabatholi abantwana. Uma engekho omdala kugcinwa kulowo wesifazane omdala, oseyisalukazi, futhi ongasazali. Kwesinye isikhathi kuyenzeka kungabibiko muntu omdala noma owesilisa noma owesifazane. Umake kunjalo zingcinwa endlini yaloyo omdala phakathi kwabo, ethala phezulu zechelwe ngentelezi emegazi lembuzi ukuze amadlozi adle lokhu baze bakhule bazigeze ngayo futhi intelezi.

Kuyenzeka kwesinye isikhathi inkomo noma yimbuzi, nayo ibonakali ifanelene nokuthi isebenzi kuphela umsebenzi waloyo ofileyo ngenxa yamazwi mhlawumbe awukhulumayo ngayo engakafi, 25. engakafi, noma ngendlela leyo angahle akhulume ngayo noma esefile bese zikulhola zikubone izinyanga. Amadlozi ayakwenza ukuthi izifiso zawo zaziwe, futhi ayasiza kulebo abawalalelayo ukukhetha inkosi phakathi kwabantwana ngo6a embona ubuqotho kanye nomqondo anawo. Nasekuqambeni umntwana igama ayasiza futhi, njengo6a igama liyinto enkulu, umuntu ngalo kungase kwenzeka abeyiloko elikushoyo, futhi u6uhle nobu6i bakhe batholakale khona egameni lakhe.

Amadlozike aya6avakashela abazukula bawo, avele kubona njengezinyoka noma ngesimo sesicashakazana - okuthiwa okhokho. 26. Umake bebona lokhu bathokezi impela benze neminikelo, yokubonga ukungena kwabo phakathi komuzi kanye nokungena kwakhe kahle phakathi komuzi. Kwesinye isikhathi kuhlatshwe inkomo noma imbuzi. Ngo6a phela kuyenzeka uku6a afike enolaka noma mhlawumbe kuqhamuke izinyoka ezimbili zilwa zize zingene endlini zingabesa6i futhi abantu, lokhoke kusuke kubika isifo phakathi komuzi kanye nokwehlukana kwawo futhi, ungasezwani se6elwa.

ukvelinqangi: Umkhulumkhulu. AmaZulu akholwa ukhuthi kukhona ophezulu konke onga6onwayo ongaphezulu kwezinto zonke ezikhona emhlabeni amadlozi kanye nakhokonke okukho, ogama lakhe,

27/lingu.....

27. lingu Mvelinqangi noma uMkhulumkhulu - uNkulunkulu. Waziwa ngokuthi uhlala endaweni efihlekile engenakuqondwa umuntu futhi engenakuqonwa ngamehlo enyama. Amadla onke akuyena ezinto zonke ezikhona futhi okunguyena owenza zonke izinto ezikhona emhlabeni futhi ungumbusi wezinto zonke. uNogola wakwaGwaza uthi yena ngaphambili kwempi yamaDhlangala kwa6e kuxoxwa ukuthi ngokuthi kuhle kuyiwe kuyona iNkosazana yezulu uku6a yona ikhulu-mele abantu kuMvelinqanga abenzele imvula, aqede ukoma.

uMvelinqangi uqaphelisisa kakhulu izinyathelo nezihambo zabantu futhi uthanda imisebenzi emihle kanye nokuziphatha kahle kwa6o. Ukona kuyisijeziso kuyena, njengobuthakathi, ukwe6a uku6ulala nokusiye futhi okuqukethe imisebenzi emi6i. Amanye amadlozi ngaphandle kwalawo abantu 6odlelwano lolo atholakala ezihlahleni njengo6a kuhlala khona lapho ezihlahleni iNkosazana yezulu okuthiwa uyihlathi ngokolunye uhlangothi 6esekuthi ngokolunye abeyizitshalo kanye nakho konkhe okuluhlaza notshani.

Isimo sakhe asiqondakali futhi 6athi asi6onwa ngo6a phela aka6ekeki. Ombekile uyafa noma aphenduke isilima kuze ku6e sekufeni kwakhe mhlawumb6 engusakhulumi. Ezimpophomeni lapho kukhona izizi6a ezimnyama kuhlala imvu yamanzi okuthiwa ivutha umlilo e6usweni futhi ayibekeki ngokucwe6ezela kwayo kungathithi yisi6uko. Ayi6onakali isidumbu sayo, kuphela yingaphambili eli6onakalayo nezimpondo ezisontene.

Lezidalwa ezivamile uku6onwa abantu. La6oke a6abanenhlanhla 6azi6one kuyadingeka 6elashwe 6aqiniswe futhi nje ngo6a ziyingozi empilweni ya6o. Uthi uGwazwa uma umuntu ese6one uNomkhu6ulwana kudingeka afole aguqe futhi ngamadolo achwayise izandla. Akukhondlela umuntu angahle azivikele ngayo, uma emimoya isiqonde ukumlimaza. Kuyenzekake ukuthi imvulena isetshenziswe a6athakathi eku6ulaleni abanye, ngo6a phela 6athi lemvu esuke isiwumoya ingasaphili iyaphuma lapha esizi6eni i6isiya ekhaya lelo ethunywo kulona, ize nezulu eliyingozi enkulu impela uma kunga6ethelwe, futhi ku6ethelo izinyanga eziqondene nawo ummoya wemvu yamanzi.

/Izindawo.....

s705

Izindawo zazo Amadlozi noma imimoya yalezidalwa ayivakashelwa lapho yakhe khona: emahlathini, ezinta6eni, nase zizi6eni ezisezimpophomeni. Lezi ndawo lapho kuhlala khona lezidalwa zivakashelwa yinkosi yesizwe uma isizokwenza umkhosiwayo wokweshwama, i6isiya khona iyoqiniswa yizinyanga. Lokhuke

31. uGwaza uthi kusuke kwenziwa isi6ongo kunomkhu6ulwano kanye nakuyo imimoya yeximvu zamanzi ngo6a lezidalwa zisizile eku6eni ihlo6o lelo li6onokudla. Kuhlatshwe imvu emayama nemhlophe khona lapho igazi lithelwe emanzini inyama yosiwe idliwe iphele ilanga lingaka phumi njengo6a futhi ihlatshwa ilanga selishonile. Emhlophe idliwa emini nayo futhi yosiwe iphele igazi lithelwe emanzini.

Umake lokhu kungagciniwe imimoya yalezidalwa i6amolaka olukhulu, a6antu 6alwe njalo. Kunga6i6ikho ukuthula phakathi kwesizwe x futhi kuvele ukuphikisana phakathi kwezinduna nenkosi izulu x lingani kude leke enkulu indlala.

32. Ukwethwasa na6abezi: Amadlozi ayamenza umuntu agule futhi ku6e sengathi unohlanya, ahayize azamule enze izinto eziningi ezikhomba ~~ukuthi~~ ukuthi unamakhosi njengo6a phela kushiwo. Umuntu ungenwa amadlozi kakhulu esemncane kuze kuthi noma esekhulile amjwayele, angavumi ukumdedela, amenze futhi a6e umuntwana otetemayo, kuthi nasekukhuleni kwakhe a6e nozwela.

Lokuke ukuze kutholakale kudinga ukubulelwa ezinyangeni zokubula, uma kudingeka kwenziwe nomhlahlo ngaphambili ukuze izindlela zenyanga leyo zikhanye kunga6i6ikho izithunzi ezimbi ezingahle zengamele umse6enzi lowo.

33. Loyomuntuko onganwe amadlozi uyahamba yena aye esuyangeni leyo ekhonjwe amadlozi ahambe ihayiza aze aye afike khona. Usezokwelashwa, umzimba wakhe ugcotshwe nge6omvu wonke, anikwe amanzi amnyama inyanga yonke, 6esekuthi ngeyesithathu adle amanzi amhlalophe njalo nxa ehlanza ingakapheli inyanga usezohlanza ngovuma ku6angoma omhlophe sekwenzelwa uku6a izindlela zakhe iziqale ukukhanya nxa eqala uku6ula. Inyanga lena emelaphayo iyawangenisa onke amadlozi lapha kuyena aze aphelele onke ngaphambili koku6a a6uyele ekhaya ku6o ngo6a uma esephelele

/onke.....

onke ubanamandla amakhulu ekuboneneni izinto azifihlelweyo

34. nokuchaza imihlahlo eza kuyena kanye nezimfihlakalo ezingaziwa abantu abanye. Lokhuke kuyafundwa ukubula kuze kuphele unyaka esethwese kodwa izindlela zakhe zingaka khanyi, afundiswe unyaka yinyanga leyo, imfihlela izinto iisithi akazibule imnike nabantu abazobula kuyona ukuaba abachazele lokho abeze ngakho.

Inikeze bonke abantu lapha ekhaya layo ithuba lokuaba bambulise ngokuthi belokhu bemfihlela izinto khona ezofunda ukuchaza nokufuna izimfihlakalo uma zizakuyena uma esethwese wakhishwa njengomthetho wamadlozi. Unyezi Madondo wase

35. Qhudeni waziwa njengoyise wamadlozi ngoaba ekhaya lakhe unamashumi amabili njalo ngonyaka ozokwethwasa, futhike izangoma eziphuma kuyena ziyakwazi ukubula, uma zingathanga ukufika emakhaya zadla ukudla okungadliwa yizangoma futhike abanye baphuma kuyena sebenemilozi njengoaba naye futhi enayo lemimoya ekhuluma ngekhwela. Imilozi yona iyisiphiwo kulaabo abanenhlanhla yayo akukho into enzahle yenziwe ukuze umuntu abenayo, futhi nalaabo abanayo bayithola belele bezwe sebeneminye imimoya ngaphezulu kwabakade benayo.

36. Amandla amadlozi ezintweni. Amandla amadlozi kwesinye isikhathi uma ~~ak~~ ethukuthele abonakaliswa nangesilwane esifuyiweyo, siye namandla amakhulu njengenkomo inkunzi iye nolaka olukhulu, noma yinja ikhwele phezu kwezindlu ilale khona. Kwesinye isikhathi amadlozi abonakalisa amandla awo ngemithi edliwayo, yoma futhi iye nezithelo ezimuncu. Akufuneki abaninibayo bayise benzise into ehlaselwa amandla emimoya yabangasekho; kuphela kudingeka bayokuzwa esangomeni noma enyangeni yokubulu bese beshweleza emadlozini ngochitha igazi balifafaze lapho kukhona umonakalo ukuze amadlozi afike akhothe lona abesexola olakeni lwawo.

37. Izinto ezivama ukuleleselwa amadlozi zenza imisebenzi ephambene nokulunga njengenja ekhwela phezu kwendlu ikhonkotho. Umuthi wona uba muntu uwohloke amaqabunga ehlobo, uenezintwala

/ezimhlophe.....

s705

K13/158

ezimhlophe, abadala bathi uhanjelwe yizicashakazana.

Imikhosi: Kukhona imikhosi eminingi ngaphandle kwaleyo yamadlozi ebakhona, kukhona umbuthano wokwethwasa noma yonyaka omusha, yokubonga isikhathi lesa, naloko inkosazana yezulu evumile ukuaba abantu bakutholo, nokweshwama kwenkosi kunqamula izikhathi. Nomkhosi wenyanga entsha njengoaba izinyanga zingefani, kukhona ezinye esinezinhlanhla ezimbi njengo Maquba

38. nonhlangula, izinyanga izinesiphepho esesabekayo nezivama ukugulala izinkomo eziningi ngenxa yeqwa elivama ukuaba khona. Umkhosi omkhulu wokwethwasa kwehlobo, lapho kuyiswa khona izimbawa zezinhlobo ongezi nhlobo kuyona inkosazana yezulu kulinywo ngazo insimu yayo engahlakulwa, bekuthi eziseleyo zihlanganiswe nemithi eyenziwa xa yizinyanga zekhetelo kanye nezimbawa zonke ezizotshalwa, ukuze ummbila lowo ukhule kahle futhi uthele ngokuphindiwe. Besekuthi amasimu lawo nxa ekhephuzayo, besekuyo lahlwa amasimba entenesha noma akanogwaja.

39. Umkhosi omkhulu wokungena kubusika, lapho kuthi bonke abesilisa, abafana namantombazana abafana abangakaqonywa namantombazane angakaqomi basike amaabele nombila kanye nazo zonke izitshalo bakhale njalo baze bakulahle entabeni leyo lapho kuhlala khona inkosazana yezulu lokuke kuyisi6ongo kuyona. Besekulandela umkhosi omkhulu wesivuno lapho bonke abantu beyisa amaqinqa enkosini ibisiyenza ntshwala obukhulu ibize isizwe kugujelwe isivuno kubongwa kuMvelinqangi, kuhlatshwe nezinkomo futhi.

Ukugeza - Ukuhlanga: Kukhona isikhathi lapho abantu bedinga

40. ukugezwa ngesimo abakusona. Kwesinye isikhathi uma kade kuyongcwatshwa umuntu labo abamphathile ngezandla zabo badinga ukugezwa ithunzi lelo eli6i noma emuva kokumbela inkomo eleleselwe yizulu noma yiyiphi into edinguku gezelwa. Uma umuntu ebulele umuntu empini noma kwenye indawo nje udinga ukwelashwa agezwe isithunzi esi6i asenaso kwehliswa iqungo ukuaba lingamvuki njalo. Emuva kwecala eli6i umuntu achithe igazi azigeze ngezintelezi x zokumqinisa. Kuyisidingo nesiko lwakwa Zulu ukuthi agezwe

/umuntu.....

s705

umuntu onjalo. Uma engageziwe uvelelwa yizinhlanhla ezimbi naye luqobo evellelwe yizingozi, enganyelwe yizithunzi ezimbi angayitholi futhi nenzalo.

41. Ukugeza lokhu kwenziwa omunye umuntu, lowo okunguyena ophathelene kaakhulu nalokho okudinga ukugezelwa naye futhi umuntu uyazigeza ukuthi phela naye asuse izithunzi ezimbi kuyena. Kwesinye isikhathi abantu uma kade beyongcwaba, bagezwa ngembuzi bonke kanyekanye, ihlatshwe bese beyidla kanye namakhubalo awenziwa yizinyanga zokwelapha ezinobuhlakani bakho. Lembuzi idliwa ntambama sekuhlwili amathambo ayo ashiswe ngomlilo bese kuthi isisizi yamathambo bancinde ngayo bonke kanye neminye imithi futhi. Bageze ngentelezi ebusuku, balale khona lapho kulowo muzi lapho kade benza musebenzi lowo.

42. Ziningi izinto okudingeka zenziwa nxa kugezwa umuntu noma abantu bagezwa ngenxa yokuba kade bephethe isidumbu. Futhi ukugeza kunezinhlobo zakho eziningi njengoba nomfazi uma ethuke indoda yakhe noma enzenoma yini engafanele kudingeka alande inkomo kuwo azogeza umuzi lowo uma ephingilo kodwa uma ethuke indoda alande inkomo yokuyigeza, leyonkomoke ifike ihlatshwe ayifuywa, lenkomoke ihlatshwa ngalolelo langa futhi ifika naye umfazi evela kuwo ngoba phela uyaxoshwa uma enze into enjalo. Indoda yakhe ayihlangani naye engakagezwa kodwa ize ihlangane naye ngoba esegezime.

Kwesinye isikhathike k lokhu kushiwo kumuntu obephethe

43, isidumbu sofileyo okungadingekilo ahlange nabanye abantu engakagezwa futhi angadli angalali nabo k ngoba esuke esenesithunzi esi6i, edinga ukutholo imithi yokungeza ahlathelwe nembuzi emhlophe futhi, abesephehla ngenqina layo ubulawu obumhlophe. Akufanele futhi ukuthi umuntu engakagezwa apha the izinto ezizodliwa abantu abanye ngoba lokho kungahle kubalethele ukugula, nezinda6a za6o zibe mnyama.

Kuthi futhi lapho kufele khona umuntu kugezwe futhi ngokuthi kuhlatshwe imbuzi bese kuhlanganiswa umswani nobulongwe bayo imbuzi nobezinkomo, kanye namakhubalo bese kusindwa indlu leyo

44/kudliwe.....

s705

44. kudliwe amakhubalo futhi kanye nayo inyama yayo. Lembuzi ke ibizwa ngokuthi imbuzi yomgezo namakhubalo. Uma kade kugula umuntu kekhulu kublatshwa imbuzi emhlophe bese kwenziwa namanzi emhlophe okuhlambulula abantu bonke ngoa kade sebekhontshobele ngexa n yesifo lesa ebese singene lapho ekhaya, kubangwe amadlozi. Uma umuntu ophumelele esaleni elibi kubulawa inkomo kubongwe kwabaphansi ngomsebenzi abawenzile, zisindwe zonke izindlu okuhlalwa kuzona ngomswani n wenkomo leyo uhlanganiswe nobulongwe.

Uma kulelesele izulu kubizwa inyanga ezokwelapha ihlambulule nabantu bomuzi lowo, ngoa akube kusangena muntu khona loyo

45. ongenile ngesiphosiso kuphela kudingaka ahlale khona njalo baze belashwe kanye naye ngoa uma ephumile wangena komunye umuzi uletha umkhokho omubi, noma ehlangane nomuntu nje uletha umkhokha omubi izulu beseliyolelesela kubo noma kulwomuzi angene kuwona. Inyangake yona ifika qede bese yenza intelezi ibachele bonke, ibuye futhi ibanike eyokugezwa ngayo. Ibisiiba-gcaba ekhanda naso valweni bonke ekhaya. Emuva kwaloku ifune imvu emnyama engenabala, ithi ingayithola ibisilimba izulu lapho lingene khona, ithi ingalithola ibisiyibulala isixuba amafutha ayonensizi yezulu ifune izikhonkwane zephahla izininde

46. ngensizi lena emnyama zigxunyekwe esithumbanjeni, ensikeni engasemnyango naphezulu esiqongweni sezidlu zonke, esinye sifakwe phakathi nesibaya esinye sifakwe empundwini esangweni.

Umuzi wonke uzungezwe ngezikhonkwane amacala omane impumala nentshonalonga, inyakathe neningizimu, bese kuthi igazi labo laba basekhaya linindwe lapha ezikhonkwaneni ezingaphandhle komuzi. Bese kuhlatshwa inkomo yokugeza umuzi kulwomkhakha kanye nembuzi emhlophe yokugeza abantu bomuzi ukuse bakhululeke kuleso simo, nokuthi futhi bakwazi ukuhlangana nabanye abantu,

47. nabanye abantu bakwazi ukungena lapho ekhaya lelo.

Umlilo sekuqediwe konke uyacishwa kwenziwe omusha, emva kokuaba sekucheliwe nangentelezi amaziko. Bese kubongelwa abaphansi, bebizwa ukuba babuye bazobeka umuzi wabo, ngoa

/phela.....

s705

phela kuthiwa uma kulelesela izulu basuke bengasekho seehlala ezintabeni, kukho mhlawumbe bethukuthelo ngesenzo abangasithandiyo phakathi komuzi.

Amadlozi ayisisekelo songcageo. Uma intombi iphuma ku6o ku6izwa abaku6o abangasekho kucelwe ku6ona uku6a 6aze 6ayikhunge ngezinhlanhla izinhle zodwa indodakazi leyo ukuze ifike phambili 48. kowayo 6enezinhlanhla. 6ese ihlatshiswa inkomo kanye nembuzi yokuyikhipha laha ekhaya. Nxa isiphuma 6abongwe 6onke oyise noyisemkhulu abangasekho. Uma isifikile futhi kowayo ngosuku lokugcina loku6eka loyo omdala koyise abeseyi6ika indodakazi leyo, ngokubongela oyise noyisemkhulu, enze neziyalo kuyona indodakazi nakumkhwenyana 6ema nabe abaku6o kamkhwenyana nabaku6o kantombi 6elalele. Uyise abese6eka njalo khona lepho.

ENDS. S 705